



Cambridge IGCSE™

CANDIDATE NAME




CENTRE NUMBER

--	--	--	--	--

CANDIDATE NUMBER

--	--	--	--



ISIZULU AS A SECOND LANGUAGE

0531/01

Paper 1 Reading and Writing

October/November 2025

2 hours

You must answer on the question paper.

No additional materials are needed.

INSTRUCTIONS

- Answer **all** questions.
- Use a black or dark blue pen.
- Write your name, centre number and candidate number in the boxes at the top of the page.
- Write your answer to each question in the space provided.
- Do **not** use an erasable pen or correction fluid.
- Do **not** write on any bar codes.
- Dictionaries are **not** allowed.

INFORMATION

- The total mark for this paper is 60.
- The number of marks for each question or part question is shown in brackets [].


This document has **20** pages. Any blank pages are indicated.



Umsebenzi 1

Funda le ndaba ekhuluma ngesihlahla sempilo, bese uphendula imibuzo.

Isihlahla Sempilo



Isihlahla somkhomo esiyisimanga siwuphawu lwezwekazi lase-Afrika. Lezi zihlahla zitholakala ikakhulukazi emazweni ase-Afrika. Ziyatholakala futhi nakwezinye izindawo zase-Australia. Zingaphila iminyaka efinyelela kweyizi-5,000. Zingakhula zibe ngamamitha angama-30 ukuphakama futhi zifike kumamitha angama-50 ububanzi.

Ngokwemvelo, isihlahla somkhomo singesasezwenikazi lase Afrika lapho isimo sezulu somile kakhulu. Isihlahla somkhomo siwuphawu lwempilo kanye nokuhle endaweni lapho kukuncane okungamila. Nakube izihlahla eziningi zithola amanzi ngezimpande zazo lapho ziwadinga, isihlahla somkhomo simunca futhi sigcine amanzi esiqwini saso esikhulukazi ngezinkathi zemvula. Lokhu kwenza sikwazi ukugcina amanzi amaningi ahlanzekile angaba usizo ezilwaneni nasebantwini, futhi sikwazi nokukhiqiza isithelo esinomsoco kakhulu ngesikhathi sesomiso lapho yonke indawo yomile. Noma abantu bazi ngesihlahla somkhomo, ababalingi abazi ukuthi sinezithelo – futhi cishe abekho abaziyo ukuthi lesi sithelo singokunye kokudla okunomsoco kakhulu emhlabeni.

Esikhundleni sokuwa wonakale, umkhomo yisona sodwa isithelo emhlabeni esoma ngokwemvelo egatsheni laso. Lokhu kusho ukuthi isithelo sisuke sesilungele ukuvunwa, sikhishwe imbewu futhi sihlungwe ukuze kukhiqizwe impushana emnandi yalesi sithelo.

Empeleni, isihlahla somkhomo siphinde sibaluleke nangezinye izindlela: amaqabunga ayadliwa futhi imbewu ingasetshenziswa ukwenza amafutha okugcoba umzimba. Abesifazane base-Afrika sebephendukele esithelweni somkhomo ekubeni umthombo wemvelo nowempilo nobuhle eminyakeni engamakhulu. Bathanda kakhulu ukuthi amafutha alesi sihlahla enza isikhumba sabo sibe bushelelezi. Izindlovu zidla amagxolo ukuze zithole umswakamo lapho amanzi engekho eduze. Zibuye zidle isithelo bese zisiza isihlahla somkhomo ngokusakaza imbewu. Yingakho isihlahla somkhomo saziwa ngokuthi “Isihlahla Sokuphila”.

Impela izihlahla zomkhomo zidlala indima enkulu ezindaweni ezomile zase-Afrika. Ziyasiza ukwehlisa ukuguguleka kwenhlabathi. Zibuye zinikeze indawo yokuhlala kanye nomthunzi ezilwaneni nasebantwini, yingakho imiphakathi eminingi yezindawo zase-Afrika yakhe amakhaya azo eduze kwezihlahla zomkhomo.





1 Izihlahla zomkhomo zigcwele kuyiphi indawo?

.....
..... [1]

2 Isihlahla somkhomo sikwazi kanjani ukuphila kuzo zonke izimo zezulu?

.....
..... [1]

3 Yini eyaziwa ngabantu abambalwa kakhulu ngesithelo somkhomo?

.....
..... [1]

4 Isithelo somkhomo sihluka ngani kwezinye izithelo?

.....
..... [1]

5 Yini eyenza isithelo somkhomo sibe yigugu ikakhulukazi kwabesifazane base-Afrika?

.....
..... [1]

6 Nikeza izindlela **ezintathu** izihlahla zomkhomo ezisiza ngayo imvelo.

.....
.....
.....
..... [3]

[Amamaki: 8]



DO NOT WRITE IN THIS MARGIN



Umsebenzi 2

Funda okubhalwe ngabantu abasha abane (A–D) kumadayari abo ngempelasonto. Bese uphendula umbuzo-7(a)–(i).

Idayari yami: Impelasonto

A UThembi

Namhlanje bekuwusuku lwami lokuzalwa. Umndeni wami ungikhombisa uthando olukhulu ngosuku lwami lokuzalwa yonke iminyaka futhi ave ngikujabulela lokho! Wonke umuntu uyaqinisekisa ukuthi ungithengela isipho engisithanda kakhulu. Kuyajabulisa ukuthola izipho ezivela nasekudeni komamncane bami abahlala eGoli. Indlela ubabomncane asithanda ngayo nabodadewethu iyamangaza. Kulokhu ungithengele iwashi likanokusho. Abazala bami bonke basebenzisane ngokuzikhandla nodadewethu ukungenzela idili eliyisimanga. Omunye umuntu angacabanga ukuthi umndeni omkhulu kangaka ugwele ingxabano nokubukelana phansi, kanti akunjalo neze. Ngizizwa ngibusisekile ngempela ngokuba nomndeni nabangane abakhathalelanayo kangaka. Nabangane bami basenyuvesi bathathe uhambo lokuzoba nami.

B UBlessing

Namanje angikholwa ukuthi sigcine siphumelele. Bengingacabangi ukuthi ngizokwazi ukuma phambi kwabantu abaningi kangaka ngidlale umculo abazowuthokozela. Abantu abawuvali umlomo ngendlela esicule ngayo. Bathi akujwayelekile ukuthi abantu abasha basebenze ngokubumbana bahlanganise into enhle kangaka kodwa sikhombisile ukuthi kuyenzeka. Angisazisoli neze ngokulandela lo mkhakha nakube abazali bami bengawuthandi. Ukuthola ucingo oluncomayo oluvela kumalume nabazala bami kungenze ngabona ukuthi amanye amalungu omndeni wami ayaziqhenya ngami. Lokho kungikhuthaze ukuthi ngiqhubeke. Ngizizwa ngijabule ngempela ngoba ngibona ikusasa eliqhakazile.

C UJabulile

Yaze yabuhlungu inhliziyi yami. Angikholwa ngempela ukuthi namhlanje siphindela emuva. Ngiyithandile le ndawo. Bekuyisonto elimatasatasa kakhulu. Kuningi obekumele sikufunde kule ngqungquthela yabasha futhi ngakujabulela ukwethula inkulumo yami esiteji. Besisincane kakhulu isikhathi sokuzijabulisa kodwa ngifunde lukhulu ngokuba nje nabantu engilingana nabo. Angizisoli neze ngokuza. Ngizoqinisekisa ukuthi ngiyabuvuselela ubulungu bami kuyo yonke iminyaka ukuze ngizokwazi ukuya kuzo zonke izingqungquthela ezilandelayo. Ngiyabona ukuthi ngiphuthelwe kakhulu eminyakeni edlule. Ngabe kuningi esengikufundile futhi ngabe impilo yami isishintshe kakhulu. Ngithande kakhulu isifundo ebesisifundisa ngokuziphilisa ngemisebenzi yezandla. Mayelana nale ndawo, ngisazohlala iholide lokuthi siphinde sibuye sizozikhipha nabangane bami. Sizozinisekisa ukuthi sizivakashela zonke izindawo zokuzijabulisa zalana.

D URobert

Kade ngamgcina. Angisakwazi ukulinda ukumbona. Nginomndeni omkhulu impela kodwa umfowethu engimkhumbule kakhulu. Sekuyisikhathi eside engasezi ekhaya. Sengifisa nokuthi ngabe useqedile enyuvesi manje. Ungafunga ukuthi uyasebenza ngoba njalo uma efika usuke engiphathele isipho. Uyaye angitshela ukuthi ungithengela ngemali asuke eyilondoloze kweyakhe yokudla. Ngesikhathi egcina ukuza wangiphathela ibhola lezinyawo. Njalo uma ngilidlala nabangane bami ngiyamkhumbula. Engikujabulela kakhulu ukuthi umama uthe umfowethu uzohlala inyanga yonke kulokhu. Phela uyathanda ukudlala nami imidlalo ehlukeni. Ngiyazi uzobe ekhona, ehlezi ngaphambili mhla sinomncintiswano webhola lezinyawo namanye amaqembu. Akazi ukuthi sengiwumpetha kangakanani kulo mdlalo.





Izitatimende ezilandelayo ziqondene nokubhalwe ngabantu abasha (A–D) kumadayari abo.

Emugqeni oseceleni kwesitatimende ngasinye, bhala uphawu oluyiqiniso u-A, u-B, u-C noma u-D.

Yimuphi umuntu omusha ...

Umbuzo 7

- | | |
|---|-----|
| (a) othanda ukuzijabulisa ngokuzula nabangane bakhe? | [1] |
| (b) onovalo lokuma phambi kwezihlwele? | [1] |
| (c) ozuza ngokuba nomndeni omkhulu? | [1] |
| (d) othandana kakhulu nomuntu azalwa naye? | [1] |
| (e) okholelwa emsebenzini weqembu? | [1] |
| (f) ojabulela ukwamukela izipho ebantwini abaningi? | [1] |
| (g) ojabulise abantu abaningi? | [1] |
| (h) ozuza kakhulu ngokukhuluma nabanye abantu abasha? | [1] |
| (i) oneqembu alidlalelayo? | [1] |

[Amamaki: 9]





Umsebenzi 3

Funda le ndaba ekhuluma ngokufunda nge-inthanethi, bese ugwalisa amanothi.

Ukufunda nge-inthanethi



Imfundo iwukhiye wempumelelo, ikakhulukazi ebantwini abagxile emisebenzini yabo nabanethemba lokuzithukisa bona ngokwabo. Ngeshwa, abaningi babo bakuthola kunzima ukwengeza izinselele ezintsha ezinhlelweni zabo ezimatasatasa nezimpintshekile. Kulo mhlaba osuwande kakhulu ngokuxhumana, lapho okuningi sekungafezwa nge-inthanethi, ukufunda nge-inthanethi kuyisixazululo. Abantu bangafunda cishe nganoma yisiphi isifundo nge-inthanethi, noma bekuphi, nganoma yisiphi isikhathi.

Ukufunda nge-inthanethi sekuneminyaka eminingi kukhona, kodwa intuthuko yakamuva yezobuchwepheshe kanye nentuthuko yokufunda nge-inthanethi ikwenze kwaba yiyona nto esebenzayo ekhethwa ngabantu abaningi. Abantu bangafinyelela imfundo nokuqeqeshwa bekwezinye izindawo zezwe nasemhlabeni jikelele. Lokhu kwenze ngcono ukuthi bazi futhi bahloniphe amasiko abanye abantu nangendlela ababuka ngayo impilo. Ngakolunye uhlangothi, ezindaweni ezisemaphandleni kungaba nenkinga yokuxhumana okusezingeni eliphansi. Mhlawumbe lokhu kwandisa igebe lendlela yokuphila phakathi kwabasemaphandleni nabasemadolobheni. Nanoma kunjalo, amakilasi aku-inthanethi abuye avumele amakilasi anenani labafundi eliphansi nokusebenzisana okwengeziwe phakathi kontanga nosolwazi ababafundisayo ngaphandle kokukhuphula izindleko. Nanoma isibalo sothisha nabafundi sikhuphuka, ukufunda nge-inthanethi kungabiza kancane kubafundi nasezikhungweni zokufunda. Izibalo ezincane kakhulu zabafundi zisho ukuthi othisha bangabhekana nomfundi ngamunye isikhathi esanele. Ngemva kokusho lokhu, othisha abaningi basakholelwa ekutheni kulula ukubona umfundi onenkinga noma ongasiqondisisi isifundo uma umfundisa umbuka mathupha kunaku-inthanethi ikakhulukazi kulaba abasemabangeni aphantsi. Bacabanga ukuthi lolu hlobo lwabafundi lusadinga isineke, uthando kanye nokukhuthazwa kakhulu nokuthi ubekhona ukuze lufunde.

Kunjalo, ukufunda nge-inthanethi kungadala izinkinga ezibhekene nomuntu ngqo, ikakhulukazi kubafundi abanenkinga yokufunda ezikrinini. Laba bafundi bahlala bephazanyiswa yizinkundla zokuxhumana nezokuzijabulisa ezingekude nabo. Abezempilo bathi izingane zisengcupheni yezingazi eziningi zempilo lapho zichitha izinsuku zazo phambi kwezikrini namakhompyutha; lokhu kuhlenganisa ukwanda kwengozi yokukhuluphala, ukungalali kahle, umdlavuza, ukuphathwa yikhanda nezinye izifo, kanye nokuma okubi nobuhlungu beqolo. Ukufunda nge-inthanethi kuphinde kuholele kumzwangedwa. Ngokwesibonelo, ngesikhathi sobhubhane abafundi basemanyuvesi emhlabeni wonke jikelele baphoqeleka ukuqedela izifundo zabo zonke nge-inthanethi okwaholela ukuthi kungabi nokuxhumana kwezenhlalohle phakathi kwabafundi. Ngenxa yalokho, kwaba nokwanda kwezifo zengqondo ebantwini abasha futhi sonke isizukulwane saphuthelwa ukuthukisa amakhono okuxhumana kwezenhlalohle kanye nawomuntu uqobo lwakhe avela ekwenzeni izinto nabanye nokuhlala kude nasekhaya.





Wena uzokhuluma ngokufunda nge-inthanethi emhlanganweni wesikole lapho kuzobe kukhona othisha, abazali kanye nabafundi.

Sebenzisa izibonelo ezisendabeni ukhlela amanothi ozowasebenzisa kule nkulumo yakho.

Bhala amanothi amafishane ngaphansi kwesihloko ngasinye.

Umbuzo 8

Ubuhle bokufunda nge-inthanethi:

- Abantu bangafunda ngesikhathi sabo.
-
-
-
-

[3]

Umbuzo 9

Ububi bokufunda nge-inthanethi:

- Ezindaweni ezisemaphandleni kungaba nenkinga yokuxhumana.
-
-
-
-
-

[4]

[Amamaki: 7]



DO NOT WRITE IN THIS MARGIN



Umsebenzi 4

Funda le-athikili ebhalwe ngusomahlanya, bese uphendula imibuzo.

Ovelabahleke

Sengibe ngusomahlanya iminyaka engaphezu kwengama-30 manje, kodwa eqinisweni ngikhulele emndenini obhakayo kwaze kwaba yilapho ngiqeda esikoleni se-*drama*, ngangikholelwa ekutheni ngizoqhubeka nebhizinisi lomndeni. Odadewethu nabayeni babo basebenzela umndeni, ikakhulukazi ubaba nguyena owayevele ewuthanda lo msebenzi. Wayehlezi ethi umsebenzi wakhe umnikeza inselele yokuthi acabange, futhi abe nobuciko. Impela ubaba wayewaphila amazwi akhe okuthi noma ngabe yini oyenzayo kufanele uyenzisise.

Lawa mazwi ayehlezi engikhuthaza ngisakhula. Kwakufana nasesikoleni, ngangiyenzisisa kahle yonke into engiyenzayo. Ngaphandle kokuvuka ekuseni ngovivi lapho ngangifuna ukuhlala nje embhedeni wami, nangaphandle kokuba sekushiseni nasekungcoleni kwasekhishini okungabekezeleki, ngangihlezi ngizama ukusiza ebhekhari ngawo wonke amandla ami, nanoma uthando lwami lwalukwenye indawo. Empeleni ngangimmangaza kakhulu ubaba ngoba nasekubhakeni ngasengiumpetha ngidlula naye uqobo lwakhe! Wayeze asho ubaba ukuthi ibhizinisi lizosala ezandleni eziphephile uma yena esethatha umhlalaphansi.

Ngangihlale ngicabanga ukuthi ngizoliqhubekisa leli bhizinisi lokubhaka lomndeni, kodwa konke lokhu kwashintsha emva kokubhala uhlolo lwami lokugcina esikoleni. Ngangijabulela izifundo ezimbalwa, ngangithanda izifundo zethiyetha ikakhulukazi. Ngathola umfundaze wabafundi abaphumelele ngamalengiso ezweni lonke, wokuyofundela ezethiyetha phesheya. Nakube ngangisiphase kakhulu isifundo se-*drama* ukudlula zonke, ngaqale ngangabaza ukuwamukela lo mfundaze. Ngabuka indlela bonke othisha bami kanye nengangifunda nabo ababengihalalisela ngayo bekujabulele ukuthi ngithole lo mfundaze, ngathatha isinqumo sokuthi ngingabaphoxi. Wadumala wonke umndeni wami sengipakisha sengihamba. Phela babecabanga ukuthi ngizoqhubeka nebhizinisi lomndeni futhi kwakuqala ngqa ukuthi sihlukane.

Okuningi sekwadlula! Sengidume ngaphezu kwalokhu ebengikucabanga! Sengikwenze konke okuphathelele nalo mkhakha, kodwa engikuthanda kakhulu amahlanya. Angikhohlwa ngolunye usuku sengineminyaka engama-21 ubudala, ngisasesikoleni se-*drama*, abangane bami benginikeza isibindi sokuthi ngiyoxoxa amahlanya ekilabhini yabasha. Emva kwalobo busuku ngaqhubeka ngaxoxa amahlanya emibuthanweni yabasha, ngangithandwa futhi ngaziwa ngabangingi kakhulu. Okwalandela emva kwalokho, ngabona kungcono ukuthi ngishiye uhlelo lwami lomsakazo kanye nokulingisa ukuze ngigxile kwezamahlanya. Kusakela lapho, sengidlale nosomahlanya baseNingizimu Afrika nabaphesheya abavelele abangingi futhi ngaba nenhlanhla yokuba usomahlanya waseNingizimu Afrika wokuqala owayosebenzela eMelika. Nalapho futhi sengivele emibukisweni emikhulu yosomahlanya eminingi. Kube lula ukusheshe ngikhule kulo mkhakha ngoba sekusetshenziswa zonke izinkundla zokuxhumana ukwenza amahlanya.

Ngezinye izikhathi, amahlanya abonakala njengento elula kakhulu ukuyenza uma ubona abantu behleka into oyisho ngenjongo yokubajabulisa. Abantu bacabanga ukuthi ukuba usomahlanya kusho impilo enobukhazikhazi lapho osomahlanya bengabantu abadumile, abashayela izimoto ezisheshayo, nabahlala emizini eyizithabathaba, kodwa eqinisweni wenza amagigi amaningi mahhala, ikakhulukazi ekuqaleni kwesikhathi sakho sokusebenza. Kwesinye isikhathi kuyacaca ukuthi abantu abawathandi amahlanya akho kodwa bavele bashaye izandla ngenxa yenhlonipho. Kuyafana nokuthi bavele bathule nje. Ngaphezu kwalokho, kulesi sikhathi samanje sobuchwepheshe, wonke umuntu ukhululekile ukuveza imibono yakhe nge-inthanethi. Kunzima ngempela ukuziba lokhu kudelela, ikakhulukazi uma sebeqala nokuhlukumeza umndeni wakho. Kubalulekile ukuthi ungapheli amandla, uqhutshwe uthando lokwenzayo ukuze ukhule kulo mkhakha.





10 Yiminyaka emingaki umbhali engusomahlanya?

- A Ngaphezu kweminyaka engamashumi amabili nanhlanu.
- B Ngaphansi kweminyaka engamashumi amabili nanhlanu.
- C Ukusukela ngesikhathi eqeda isikole samabanga aphakeme.

[1]

11 Yini eyayihlezi igqugquzela umbhali ukuthi aphumelele esikoleni?

- A Kwakungamazwi kababa wakhe.
- B Kwakuwukuzimisela kwakhe.
- C Kwakuwukuhlakanipha kwakhe.

[1]

12 Kwakuyini umbono wombhali ngokubhaka?

- A Wayevele ekuthanda.
- B Wayengakujabuleli.
- C Kwakumenelisa.

[1]

13 Umbhali waqhubeka ngezifundo zethiyetha emva kwesikole ngoba ...

- A kwakuyiso kuphela isifundo asijabulelayo esikoleni.
- B kwakungekho ukucindezelwa kokuthi alandele umsebenzi othile.
- C wathola umfundaze wokuyofunda izifundo zethiyetha.

[1]





14 Yini eyaholela ukuthi umbhali ashiye umsebenzi wakhe wokuba ngumsakazi?

A Wayefuna ukusebenza nosomahlaya abaningi abavelele.

B Wayefuna ukuya eMelika.

C Wabona ukuthi uyaphumelela ukuba usomahlaya.

[1]

15 Ukuba usomahlaya ...

A kulula.

B kunzima.

C kunemali.

[1]

[Amamaki: 6]





Question 16 starts on the next page.



DO NOT WRITE IN THIS MARGIN



Umsebenzi 5



Umbuzo 16

Beninohambo lwesikole. Uyithandile kakhulu indawo ebenivakashela kuyo.

Bhalela umngane wakho ofunda kwesinye isikole i-imeyili.

I-imeyili yakho kufanele:

- iveze ukuthi nihambe kanjani
- ichaze ngezindawo enivakeshele kuzo
- isho ukuthi yini umngane wakho angayithanda ngalezi zindawo ebenivakashela kuzo.

Bhala amagama aphakathi kwayi-100 kuya kwayi-140.

Uzothola amamaki afinyelela kwayi-6 ngengqikithi ye-imeyili yakho, namamaki afinyelela kwayi-9 ngolimi olusebenzisile.





Handwriting practice area with horizontal dotted lines. The number [15] is written at the end of the final line.

[Amamaki: 15]



DO NOT WRITE IN THIS MARGIN



Question 17 starts on the next page.



DO NOT WRITE IN THIS MARGIN

**Umsebenzi 6****Umbuzo 17**

Isikole sakho sihlela ukuqeda zonke ezemidlalo ngoba sifisa ukuphumelela kahle kakhulu ezifundweni.

Wena uceliwe ukuba ubhale umbiko ozoveza imibono yabafundi.

Nakhu okunye okushiwo ngabafundi:

Ezemidlalo ziyasibambezela. Sidinga isikhathi esiningi nabothisha bethu.

Ngidinga ukuthuthukisa ithalente lami kwezemidlalo ngoba angikho muhle ezifundweni.

Ezemidlalo ngeke zisisize ngalutho ekufezeni amaphupho ethu.

Ngidinga ukuphumuza ingqondo ngezemidlalo emva kokuthatha ulwazi oluningi ekilasini.

Bhala umbiko ozowethula kuthishanhloko.

Amaphuzu angenhla angakunika amasu okuphendula kodwa kumele usebenzise namanye amasu oziqambele wona.

Bhala amagama aphakathi kwayi-100 kuya kwayi-140 ubude.

Uzothola amamaki afinyelela kwayi-6 ngengqikithi yombiko wakho, namamaki afinyelela kwayi-9 ngolimi olusebenzisile.





Handwriting practice area with horizontal dotted lines. The number [15] is written at the end of the final line.

[Amamaki: 15]



DO NOT WRITE IN THIS MARGIN



DO NOT WRITE IN THIS MARGIN





Permission to reproduce items where third-party owned material protected by copyright is included has been sought and cleared where possible. Every reasonable effort has been made by the publisher (UCLES) to trace copyright holders, but if any items requiring clearance have unwittingly been included, the publisher will be pleased to make amends at the earliest possible opportunity.

To avoid the issue of disclosure of answer-related information to candidates, all copyright acknowledgements are reproduced online in the Cambridge Assessment International Education Copyright Acknowledgements Booklet. This is produced for each series of examinations and is freely available to download at www.cambridgeinternational.org after the live examination series.

Cambridge Assessment International Education is part of Cambridge Assessment. Cambridge Assessment is the brand name of the University of Cambridge Local Examinations Syndicate (UCLES), which is a department of the University of Cambridge.

